Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL ASSESSMENT
# GENERAL EDUCATION CERTIFICATE (GEC)

## 2024 GRADE 9 PILOT STUDY

Isifundo: IsiZulu Ulimi Lokuqala Lokwengeza

Amamaki: 70

Isikhathi: Imizuzu eyi-150
**Kungabaliwe** imizuzu eyi-15 yokufunda.

Leli phepha linamakhasi **20** kungabaliwe leli khasi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Imiyalelo kumfundi**

1. Unikezwe imizuzu eyi-15 yokufunda ngaphambi kokuqala isivivinyo.
2. Fundisisa yonke imiyalelo nemibuzo ngokucophelela.
3. Phendula yonke imibuzo.
4. Sebenzisa incwajana oyinikeziwe ozophendulela kuyo yonke imibuzo.

**Ukuhlola kuqala ekhasini elilandelayo.**



**Ungaqali upheqe ikhasi, linda ukuthi utshelwe.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

Umbuzo 1: Ukufunda Nokubukela

Isifundo sokuqondisisa: Umbhalo ofundwayo

Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ukuhamba Kukagesi Kudale Umonakalo Omkhulu eThaleni**




1 Ukuhamba kukagesi kubukeka kuzoshiya abantu abaningi bekhihla esikaNandi. Esigodini saseThaleni eNkandla KwaZulu-Natali kushe kwangqongqa umuzi kaLondiwe Mchunu ngenxa yokuhamba nokubuya kukagesi ngamandla. Kubikwa ukuthi ugesi kule ndawo uhambe ngehora lesithupha ntambama wabuya ngehora lesishiyagalombili ebusuku, okuyilapho ubuye khona ngamandla kanti ubuhambe kuxhunywe izinto ezisebenza ngogesi. Kuthe kubuya ugesi kwabe sekuqhuma izintambo kwaqala kwavutha umlilo.

2 Kule ndlu bekukhona izingane ezimbili uNonhle kanye no-Ayanda Mchunu abangaphansi kweminyaka eyishumi ubudala. UNonhle ukwazile ukuzisindisa kuleli langabi ebelivutha ngamandla. U-Ayanda ushe wangqongqa waphangalala khona lapho ngenxa yelangabi elikhulu ebelikhungathe indlu yonke. UNonhle ubengabonanga ukuthi ubekuliphi igumbi lokulala udadewabo ngesikhathi kusha umlilo. U-Leon Flourie okhulumela abosizo oluphuthumayo i-*Life Response 24/7* uthe kubizwe izicishamlilo kulo muzi ukuba zizosiza kubhulwe umlilo. "Yingane eyodwa endala ekwazile ukuphulukundlela ngesikhathi umlilo ungakabhebhetheki kumagumbi wonke okulala. Kubukeka sengathi u-Ayanda ubevaleleke egumbini lakhe lokulala ngesikhathi kuqala lo mlilo. UNonhle ubezitshela ukuthi ungaphandle waphuma yedwa," kusho u-Leon Flourie. Umphakathi ubuphume ngothi lwawo uyozama ukubhula umlilo.

3 UNkosazane Mchunu ubevakashele kwamngani wakhe ngesikhathi kwenzeka lesi sigameko. Habe! Ngumzali onjani oshiya izingane ezincane zodwa? Uzwe esebikelwa ocingweni ukuthi akaphuthume nakhu indlu isha iba ngumlotha. Kusolakala ukuthi uLondiwe ube budedengu ngokungacimi amaswishi ngesikhathi kusahambe ugesi, waphinde washiya izingane ezincane endlini ekubeni sekuhlwile. U-Flourie uqhubeke wabika ukuthi kushe zonke izinto okubalwa kuzo incwadi kamazisi, amakhadi asebhange, izingubo zokugqoka nomfaniswano wesikole.

Downloaded from Stanmorephysics.com

4 Okhulumela uMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal uMnumzane Kwazi Mthethwa uthe bayakugxeka ukusha komuzi kaLondiwe njengoba naye ebe nobudedengu okuholele ekutheni indlu ishe. Uthe bazokwazi ukunikela ngezingubo zokugqoka kanye nomfaniswano wesikole. Uthembise ukuthi uzothumela ubhalonyazi (i-*email*) nomqhafazo (i-*SMS*) kwaboMnyango wezeMfundo ukuze banikele ngezinto zesikole kusizakale ingane esindileyo. Phela isiZulu sikubeka kucace ukuthi inkunzi isematholeni.

5 ULondiwe ohlukumezekile kanye nengane yakhe bagcinwe ehholo lomphakathi okwesikhashana. Abaholi bomphakathi bazobe sebebamba umhlangano ukuze bezothola isisombululo sesikhashana. Nomphakathi nawo uthembise ukubambisana ekusizeni lo mndeni. Kukhona abazonikela ngokudla, ngezingubo zokugqoka nezokulala bese besiza ekuthengeni izincwadi zesikole ezishile, kwazise phela izandla ziyagezana.

6 Akuwona kuphela umndeni wakwaMchunu ohlukunyezwe yilesi simo sokuhamba kukagesi. Amabhizinisi athintekile ikakhulukazi lawo amancane futhi asakhula kwezomnotho. Phela wona awanayo imishini ephehla ugesi noma amajeneretha, osekuholele ekutheni avalwe ngenxa yokuthi imikhiqizo edinga ugesi iyonakala. Lokho kwengeza esinye isisindo noma kubeka elinye ijokwe kosomabhizinisi kule mpi ababhekene nayo. U-Eskom useyahluleka ukuphakela ugesi ngokwanele. Lokhu sekuwuginqigonqo phakathi kuka-Eskom nabantu abawukweletayo.

7 Siyisizwe saseNingizimu Afrika kufanele sibhukule silwisane nalesi simo sokuhamba kukagesi. Masibambisane sibe nezinhlelo zokuqwashisana ngezindlela zokuphepha uma kuhambe ugesi. Bazali qinisekani ukuthi imizi yenu kanye nezingane kuphephile ngaso sonke isikhathi.

[Icashunwe ku-*Medium News* yabe isihlelwa kabusha]

1.1 Gagula ukuthi yini le ezoshiya abantu bekhihla esikaNandi. (Isigaba soku-1)

A Ukusha komuzi.

B Ukuhamba kukagesi.

C Ukuxhunywa kwezintambo zikagesi.

D Ukubuya kwawo ngamandla. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.2 Yibuphi ubungozi obudalwa ukubuya ngamandla kukagesi?

A Ukuqhuma kwezintambo kuvuthe umlilo.
B Ukushiya izingane zodwa.
C Ukuzitakula elangabini elivutha ngamandla.
D Ukuvaleleka egumbini lokulala. (1)

1.3 Umbhali usebenzise isisho, "bekhihla esikaNandi". (Isigaba soku-1)

Ingabe uqondeni ngalesi sisho?

A bethuke ngokweqile
B bekhala buthule
C bekhala kakhulu
D bejabule ngokweqile (1)

Stanmorephysics.com

1.4 Yisiphi isimo esishaqisayo esishiye umndeni wakwaMchunu ukhungathekile?

A Kushe izintambo zikagesi.
B Umzali wezingane uzishiye endlini.
C Kushone zonke izingane zakwa Mchunu.
D U-Ayanda uphangalale endaweni yesigameko. (1)

1.5 Ngokwalesi siqephu kungani kusolwa uLondiwe ngobudedengu?

Khetha impendulo eshaya emhlolweni kwezilandelayo.

A Akababikelanga omakhelwane ukuthi uyovakashela umngani.
B Akawacimanga amaswishi ngesikhathi kusahambe ugesi.
C Akaziyalanga izingane ngobungozi bukagesi.
D Akayikhiphanga imbawula ngesikhathi sokulala. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.6 Yimuphi umusho ofingqa kahle lesi siqephu?

A Izindlela zokonga ugesi emakhaya.

B Ubudedengu bukaLondiwe bokushiya izingane zodwa.

C Ukubizwa kwezicishamlilo ukunqanda ukubhebhetheka komlilo.

D Ubungozi obudalwa ukuhamba kukagesi. (1)

1.7 Sizo luni oluzokwenziwa ngaboMnyango wezeMfundo emndenini wakwaMchunu?

A Ukunikela ngemali kanye namaphasela okudla.

B Ukunikela ngezingubo nomfaniswano wesikole.

C Ukusiza ngomfundaze ukuze ingane ifunde.

D Ukubatholela usizo lokubeluleka ngokwengqondo. (1)

1.8 Msebenzi muni owenziwe isigaba sokugcina kulesi siqephu?

Stanmorephysics.com

A sisonga indaba

B singenisa indaba

C sikhulisa indaba

D sethula indikimba (1)

1.9 "Inkunzi isematholeni" (Isigaba sesi-4)

Iyiphi impendulo echaza kahle lesi simo sokukhuluma?

A Amathole ahamba nenkunzi.

B Inkunzi isesibayeni samathole.

C Abaholi bakusasa yintsha.

D Abantu abadala bayahlonishwa. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.10 Ngokwalesi siqephu ngobani abanye abahlukunyezwe yisimo sokuhamba kukagesi? (Isigaba-6)

A Amabhiziinisi amakhulu azimele.
B Abasebenza kuMnyango wezeMfundo.
C Abantu abehluleka ukukhokhela ugesi.
D Amabhizinisi amancane asakhula kwezomnotho. (1)

1.11 Nikeza igama elisho okufanayo nelithi, 'isisombululo'. (Isigaba sesi-5)

A isixazululo
B isivumelwano
C isifungo
D isixwayiso (1)

1.12 U-Eskom useyahluleka ukuphakela ugesi ngokwanele.

Khetha umusho ohambisana nesitatimende esingenhla.

A Ugesi usubiza ngokweqile.
B Ugesi awukhokhelwa ngendlela efanele.
C Ugesi udala izingozi eziningi.
D Ugesi usuhamba mihla namalanga. (1)

1.13 Yisiphi isenzo esifanayo esizokwenziwa uMnyango wezeMfundo kanye nomphakathi?

A Ukubakhela indlu eyisithabathaba.
B Ukubasiza bakwazi ukuzimela.
C Ukubalekelela ukufihla ingane.
D Ukusiza umndeni ohlukumezekile. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.14 Sichaza ukuthini lesi sisho, "Ukuhlala entanyeni". (Isigaba sesi-6)

A Ukungabi nesibindi.
B Ukuhlala ngobhongwana.
C Ukubhekana nobunzima.
D Ukuphelelwa umoya. (1)

1.15 Kusolakala ukuthi ubudedengu bube kuye uLondiwe. (Isigaba sesi-4)

Yimuphi umuzwa ovezwa yile nkulumo?

A ukumangala
B ukuncoma
C ukukhathazeka
D ukugxeka (1)




1.16 Kungani kufanele siqikelele ukonga ugesi?

A unobungozi
B uyahlupha
C uyabulala
D ushibhile (1)

1.17 Kungani kusetshenziswe uphawu lokuloba egameni elilandelayo? Habe!

A ukubuza
B ukuphumula
C ukucaphuna
D ukubabaza (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.18 ULondiwe ohlukumezekile kanye nengane yakhe.

Nikeza elinye igama elisho ukuhlukumezeka.

A ukwenqena
B ukuphahluka
C ukukhahlamezeka
D ukunganeliswa (1)

1.19 Umbhali ubekusiphi isimo ngenkathi edlulisa umyalezo ngalesi siqephu?

A Ubekhathazwe ukuhamba kukagesi.
B Ubejatshuliswa abanikeza usizo.
C Ubephoxwe umngani kaLondiwe.
D Ubejabhiswe isimo somnotho. (1)

Stanmorephysics.com

1.20 Lesi siqephu sibhekiswe kobani?

A Kwabosizo oluphuthumayo.
B KuMnyango wezeMfundo.
C Kuwo wonke umuntu.
D Kwabancane ngeminyaka. (1)

1.21 "U-Ayanda ushe wangqongqa waphangalala khona lapho ngenxa yelangabi elikhulu ebelikhungathe indlu yonke". (Isigaba sesi-2)

Yimuphi umuzwa ovezwa yile nkulumo.

A usizi
B injabulo
C ukugxeka
D ukucasuka (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.22 Phawula ngesifundo ositholile emva kokufunda lesi siqephu.

A Ukuhamba kukagesi kwehlisa ubugebengu.
B Ubungozi obudalwa ukuhamba kukagesi.
C Kubalulekile ukukhokhela ugesi.
D Ugesi wenza impilo ibe lula. (1)

1.23 Yisiphi isexwayiso ongasinika abantu ababhekene nesimo esavelela umndeni wakwaMchunu?

A Yenza isiqiniseko sokuthi zonke izintambo zikagesi zixhunyiwe.
B Shayela u-Leon Flourie uzothola usizo oluphuthumayo.
C Qaphela ukuthi wonke amaswishi ayacinywa uma kuhambe ugesi.
D Gwema ukuthenga ugesi ongekho emthethweni. (1)

Stanmorephysics.com

1.24 Umbhali usebenzise isimo sokukhuluma esithi, "Izandla ziyagezana".

Sichaza ukuthini isimo sokukhuluma esingenhla?

A Gcina izandla zihlanzekile.
B Mkhulu umsebenzi wezandla.
C Kuhle ukusizana.
D Sebenzisa izandla zombili. (1)

1.25 Ukufunda lesi siqephu kungaba namphumela muni kubafundi?

A Bangacisha amaswishi uma ugesi uhambile
B Bangenza isiqiniseko sokuthi bonga ugesi.
C Bangonga imali yokuthenga ugesi omningi.
D Bangakhuzana ngokudlala ngezintambo zikagesi. (1)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.1.2 Siqondiswe kobani lesi sikhangiso?

A Kubantu abadinga ugesi.
B Kubantu abakha izindlu.
C Kulabo abasebenza kanzima.
D Kulabo abathanda ukubasa. (1)

2.1.3 Umkhangisi usebenzise ziphi izindlela ukuheha abafundi balesi sikhangiso?

A Izithombe, izimpahla kanye nemibala enqundekile.
B Izithombe, amagama ahlukene kanye nesihloko esihehayo.
C Amagama angaqqamile, izithombe kanye nomyalezo.
D Uphahla, ugesi, kanye nabantu abakhayo. (1)

2.1.4 Hlobo luni lwesifengqo esitholakala kulesi sikhangiso?

A isifaniso
B ihaba
C isingathekiso
D umbuzombumbulu (1)

2.1.5 Umbhali ubehloseni ngokusibhalela lesi sikhangiso?

A Usazisa ngendlela ehlukile yokuthola ugesi.
B Usixwayisa ngamanani aphezulu amasola.
C Usixwayisa ngabantu abafaka amasola.
D Usazisa ngobuhle kanye nobubi bamasola. (1)

[5]

Downloaded from Stanmorephysics.com

## 2.2 Ikhathuni

Funda ubukisise le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo




2.2.1 Bakuphi laba balingiswa abakule khathuni? (1)

2.2.2 Inkulumo yalo wesilisa ongemuva osonge izandla imveza ukuthi uphatheke kanjani? (1)

2.2.3 Yikuphi okuyihlaya/uteku kule khathuni? Sekela impendulo yakho. (2)

2.2.4 Shono okubili okubonakala esithombeni okukhombisa ukuthi abakuthokozeli ukucishwa kukagesi. (2)

2.2.5 Yisiphi isizathu esenza abafundi baphatheke kabi uma kuhambe ugesi? (1)

2.2.6 Uthini umyalezo odluliswa yile khathuni? (1)

2.2.7 Kungaba namuphi umphumela ukuzimisela kwalaba bafundi abaphambili? Bala kube KUBILI. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## Umbuzo 3: Ukufunda Nokubukela

### Ukufingqa

Funda lesi siqephu esimayelana **nomngane weqiniso** bese usifingqa.

**Imiyalelo**

1. Fingqa ngamaphuzu AYISIKHOMBISA ngemisho ephelele noma ngesigaba.
2. Bhala izinombolo zomusho wakho kusukela kumusho woku-1 kuya kowesi- 7.
3. Bhala iphuzu ELILODWA emshweni.
4. Sebenzisa amagama akho lapho kufanele khona kodwa ungawushintshi umqondo wendaba.
5. Fingqa ngamagama angama- 60 kuya kwangama- 70.
6. Bhala inani lamagama owasebenzisile ulifake kubakaki ekugcineni kwesigaba noma kwamaphuzu.
7. Ungabe usasibhala isihloko.

Stanmorephysics.com

**Ngonjani Umngane Weqiniso**

Ukwenza abangani kuyinto elula kodwa ukukhetha abangani abaqotho akulula neze. Umngani ngumuntu okukhathalelayo nonothando ngaso sonke isikhathi, uyakukhuza uma uthatha izinqumo ezingaphusile. Kuyinto enhle ukuthi abangani babe namancoko abawenza ndawonye nokungenza ubudlelwane babo buhlale bungobujabulisayo.

Khetha umngani oneqiniso, othembekile nongeke akufake enkingeni. Ukuthembeka kungezinye zezinto ezibalulekile kubudlelwane, kudingeka umngani ongakhahlelwa ihhashi esifubeni. Ukugcina izimfihlo kungenye yezindlela ongatshengisa ngokho ukumkhathalela kanye nothando lowo ombiza ngomngani.

Abanye abantu bakuthola kunzima ukuvumelana nemibono yabanye, bavele bathukuthele bagane unwabu uma ungavumelani nemibono yabo. Umngani okhululekayo uma enawe yilowo ongasabi ukuveza imizwa yakhe. Akulona iphutha uma umngani wakho engakuboni okuhlekisayo kulokhu okushoyo.

Ngubani oma nawe lapho isimo siba nzima? Labo ngabangani bakho beqiniso. Esikhathini esiningi kuhle ukuba nomuntu ongasizakali ngezinkinga obhekana nazo. Kubalulekile ukuthola umngani okwaziyo ukukweseka nokukududuza uma ungaphathekile kahle. Ayikho into ebuhlungu njengokubhekana nesimo esinzima

Downloaded from Stanmorephysics.com

uwedwa kungekho muntu ongakweseka. Umngani weqiniso angeke akuyekelele ekubona ucwila obishini ibe ikhona into angayenza.

Ayikho into ebuhlungu njengokuthi umngani wakho akuqhathanise nabanye abantu. Umuzwe esethi, "usibanibani ebezokwenza kangcono". Umngani ongakuqhathanisi nabanye babangani bakhe ngumngani oqotho lowo. Uma ningabangani kuhle nisekane ngaso sonke isikhathi. Qinisekisa ukuthi abantu obabiza ngabangani abakuqhathanisi nabanye abantu.

Abanye abantu bakubona njengokuchitha isikhathi ukukholelwa emaphusheni abanye. Akekho umuntu ongenawo amaphupho nongathandi ukusekwa emaphusheni asuke enawo. Umngani weqiniso yilowo okholelwa kuwena lapho abanye bengakholelwa kuwe. Yenza isiqiniseko ukuthi uyamuseka uma eqhamuka namasu athile okuzithuthukisa. Thola izindlela zokuphumelelisa umngani wakho emaphusheni anawo.

[Umbhalo wokuziqambela]




**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## Umbuzo 4: Izakhiwo Nezimiso Zokusetshenziswa Kolimi

**Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.**

**Kuhlonishwana Kabili**

1. Kungihlukumeza umphefumulo ukubona noma ukuzwa abantu bekhuluma bephendulana kabi. Yebo ngiyavuma, asiphumi emakhaya afanayo kodwa ngiyakholwa ukuthi abazali bethu basifundisile ngenhlonipho. Ngithe ngizimele emgqeni kwelinye lamabhange ngezwa owesifazane obengaphambi kwami ekhuluma nomsizi wasebhange ngenkulu indelelo le. Kwenzeka konke lokho nje, ebhange kugcwele mfi kwazise bekuphele inyanga. Umtshele kwezikabhoqo ukuthi akawazi umsebenzi wakhe kodwa inkosazane le yasebhange yazithoba nje, yakhuluma kahle. Yiso lesi sehlakalo esivuse eminingi imibuzo le ngaphakathi kimi. Ngabe lokhu obekwenziwa yilo msebenzi wasebhange ukubekezelela abanye abantu noma yinhlonipho? Nawe ungawuphendula lo mbuzo uma unayo impendulo.

2. Engingakusho nje mina abazali bami bangifundisa ukuzithoba kanye nenhlonipho. Kuyiqiniso elingephikiswe ukuthi singabantu sinayo imizwa. Nami ngiyaye ngidungeke umoya ngezinye izikhathi kodwa ngiyakwazi futhi ukuzithiba. Ngaphandle kwenhlonipho ziningi izinto ezimoshekayo. Singabantu asidalwanga ngokufana, yingakho kufanele sibekezelelane. INingizimu Afrika yizwe elibusiseke ngabantu abanamasiko ahlukahlukene. Ngakho-ke indlela yokwenza kwethu ngeke ifane. Ngiye ngibone nje ukuthi abanye abantu abasha bazitshela ukuthi, 'bayalahla' uma bezithoba kanti inhlonipho ibalulekile. Iqala kuwe ngaphakathi ukuze nabanye abantu bakuhloniphe.

3. Abanye abantu bazihlekisa inhlinini ubone nje ukuthi inhlonipho abanayo, akusibo bonke abantu abanjalo, ningangizwa kabi. Inhlonipho ayinabala futhi ayinabulili. Hlonipha umakhelwane wakho, angisho-ke kodwa ukuthi umkhothamele. Kunendaba engiyifunde ezinkundleni zokuxhumana, kuthiwa esikoleni esithile abafundi bebekhombisa indelelo kowesilisa oqapha isikole. Bamxhaphe ngenhlamba ezama ukukhuza abafundi ababekade behlukumeza omunye wabafundi.

4. Azibuye emasisweni, izingane zifundiswe inhlonipho. Uma siziyekelela sizobe sibulala isizwe. Abazali ababe isibonelo esihle ezinganeni zabo. Nikhumbule ukuthi Ukhamba lufuze imbiza. Siyazi sonke ukuthi sibhekene nenselelo yokukhulisa izingane ngendlela efanele. Uma singabambisana siyoyinqoba le mpi. Kuhlonishwana kabili.

[Icashunwe ku- *Bayede News* yabe isihlelwa kabusha]

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.1 Ngizwe owesifazane ekhuluma ngenkulu indelelo .(Isigaba soku– 1)

Hlobo luni lwebizo igama elithi, 'indelelo'?

A ibizonto
B ibizoqoqa
C ibizoqho
D ibizomfakela (1)

4.2 Singabantu asidalwanga ngokufana yingakho kufanele sikwazi ukubekezelelana.

Hlobo luni lomusho lolu olungenhla?

A ombaxa
B oqondile
C oncikile
D omagatshagatsha (1)

4.3 Ngiyakwazi futhi <u>ukuzithiba</u>. (Isigaba sesi- 2)

Nikeza igama elinencazelo efanayo negama elidwetshelwe.

A ukuziyala
B ukuzithoba
C ukuzibamba
D ukuzehlisa (1)

4.4 Isenzo esithi, 'bephendulana' ngabe sikhomba yiphi impambosi?

A yokwenza
B yokwenzana
C yokwenzisisa
D yokwenzela (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.5 Abantu abasha bazitshela ukuthi bayalahla uma bezithoba. (Isigaba sesi - 2)

Iyiphi incazelo ehambisana nale nkulumo?

A Bayakhononda.
B Bazilahla phansi.
C Bayalahleka.
D Babukeka njengezilima. (1)

4.6 Inhlonipho iqala kuwe ngaphakathi. Inhlonipho ibalulekile.

Khetha umusho ohlanganiseke kahle.

A Ibalulekile inhlonipho futhi iqala kuwe ngaphakathi.
B Iqala kuwe ngaphakathi inhlonipho futhi ibalulekile.
C Inhlonipho iqala kuwe ngaphakathi futhi ibalulekile.
D Inhlonipho futhi iqala kuwe ngaphakathi ibalulekile. (1)

4.7 Abazali bethu basifundisile ngenhlonipho.

Hlobo luni lwesichasiso igama elithi, 'bethu'?

A isiphawulo
B ongumnini
C isibaluli
D inani (1)

4.8 Khetha umusho oveza isandiso sendawo kulena elandelayo.

A Kusekhona ukucwasana namanje.
B Abantu bazihlekisa inhlinini.
C Kuze kube ngokuzayo.
D Asiphumi emakhaya afanayo. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.9 Owesifazane udelela umsizi wasebhange.

Guqula lo musho uwuqale ngomenziwa?

A Udelela umsizi wasebhange owesifazane.
B Umsizi wasebhange udelelwa owesifazane.
C Udelelwa owesifazane umsizi wasebhange.
D Umsizi udelelwa owesifazane wasebhange. (1)

4.10 Igama elithi, 'inyanga" lingumabizwafane (Isigaba soku-1). Ingabe liveza muphi omunye umqondo ngaphandle kwalowo osesiqeshini?

A umshumayeli ebandleni
B umphenyi wamacala
C umlaphi wendabuko
D umlimi wamasimu (1)

4.11 Hlonipha umakhelwane wakho. (Isigaba sesi-3)

Ingabe ichaza ukuthini le nkulumo?

A Hlonipha wonke umuntu.
B Hlonipha ngokwamazinga abantu.
C Hlonipha abantu owakhelene nabo.
D Zihloniphe wena kuqala. (1)

4.12 Nikeza igama eliphelele lesifinyezo esithi, 'Nksz'.

A Nkosikazi
B Nkosana
C Nkosazana
D Nkosenhle (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.13 Kule misho oyinikiwe khetha lowo otshengisa ukubabaza okufanele.

A Habe! Kanti inhlonipho yashonaphi?
B Asihloniphaneni! Singabantu.
C Zibheke wena kuqala ukuthi umi kuphi!
D Kanti kuyoze kube nini! siklolodelana? (1)

4.14 Mina abazali bami bangifundisile inhlonipho.

Hlobo luni lwesabizwana igama elithi, 'mina'.

A isabizwana sokukhomba
B isabizwana sokubala
C isabizwana soqobo
D isabizwana sesibanjalo (1)

4.15 Azibuyele… izingane zifundiswe inhlonipho.

Gcwalisa esikhaleni esingenhla ngegama elipeleke kahle.

A amasisweni
B esisweni
C esweni
D emasisweni (1)

4.16 Khetha umusho osenkathini yamanje kulena elandelayo.

A Ngizwa owesifazane ekhuluma ngenkulu indelelo.
B Ngizwe owesifazane ekhuluma ngenkulu indelelo.
C Ngezwa owesifazane ekhuluma ngenkulu indelelo.
D Ngizokuzwa owesifazane ekhuluma ngenkulu indelelo. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.17 "Ngingumuntu othandayo ukuzifundela izindaba", Kusho umbhali.

Bhala lo musho oyinkulumo-ngqo uwenze ube inkulumo-mbiko.

A Umbhali uthi ngingumuntu othandayo ukuzifundela izindaba.
B Umbhali uthi ungumuntu othandayo ukuzifundela izindaba.
C Ngingumuntu othandayo ukuzifundela izindaba.
D Umbhali uthi izindaba uyathanda ukuzifunda. (1)

4.18 Abazali bayisibonelo esihle ezinganeni zabo.

Le nkulumo engenhla ingabe iqukethe luphi ulimi?

A inkolelo engaguquki
B inkulumo echemile
C inkoleloze
D ulimi olunxenxayo (1)

4.19 Isigaba soku-1 senza msebenzi muni kulo mbhalo?

A Siveza impilo yombhali.
B Singenisa indaba.
C Siphendula okushiwo endabeni.
D Sethula amaqiniso ngombhalo. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.20 Nikeza incazelo yalesi saga," Ukhamba lufuze imbiza".

A Ingane engezwa iphoxa unina.
B Ingane ikhuzwa abazali bayo.
C Ingane ilalela abazali bayo kuphela.
D Ingane ifuza abazali bayo ngobuhle noma ngobubi. (1)

**[20]**




**Ukuphela kokuhlola**